# U-ELIYA NOMNIKELO WEMPUPHU

O, akusilo iqiniso lelo! "Nkosi, ngiyemukela." Wemukela ini na? Sonke isithembiso Asenzayo, singesami.

2 Manje, ngaphambi kokuba sihlale phansi, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ukuze ngingezukukhohlwa ukukhuleka phezu kwalamaduku lapha.

3 Nkosi yethu, siyaKubonga kulobubusuku ngamaculo aseZiyoni, ngeVangeli eliyifashini endala elihlanza izinhliziyo zethu ebubini, futhi, nange, zithembiso ezinomusa kakhulu eBhayibhelini zingezethu. Ngokukholwa siyazemukela. Futhi siyazi ukuthi uNkulunkulu akabheki buso bamuntu. Futhi esizukulwaneni uPawulu ayephila kuso, abantu... abaningi babegula. Baletha kuye amaduku, izindwangu, ukuze ezowabeka emzimbeni wakhe, futhi khona-ke bawathatha emzimbeni wakhe bawayise kwabagulayo nabahluphekeliyo. Futhi imiBhalo isitshela ukuthi imimoya engcolile yaphuma kubantu nezinhlupheko zabashiya ngenxa yokukholwa kwabo eNkosini uJesu. Nkulunkulu, uPawulu wayesehambile cishe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, eBukhoneni baKho. Leso sizukulwane sedlula naye, kodwa Wena unguNkulunkulu waso sonke isizukulwane. Manje abantu, kulobubusuku, bakholelwe kuWe futhi siyazinikela kuWe, kulobubusuku, lamaduku namaphasela amancane ezimpahla, futhi sikholwa ngayo yonke inhliziyo yethu ukuthi Wena uzophendula imikhuleko yethu futhi bayakuphiliswa. Siphe khona, Nkosi. Sikuthumela kubo ngenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu, iNdodana yaKhe. Amen.

4 Ngingahlala phansi. Futhi labo ababeke lawa phezulu mabeze bezowathatha ngokushesha nje emva kokuvalwa kwenkonzo.

5 Ngijabule kakhulu kulobubusuku. Kade ngiphandle ngaphesheya kwentaba lapho namuhla ngithe nje ngingaqeda ngezingxoxiswano ebekade nginazo, futhi ngiye ngawelela ngaphesheya ukuyokhuleka. Futhi njalo uma ngingena kulelilanga lasehlane kuthi ukungenza ngifune ukubuya kaningi. Kodwa into eyodwa engiyijabulelayo kulobubusuku, umkami...kakhulu njengoba besikade sindawonye, futhi ubone imibono emikhulu kaNkulunkulu ibonakaliswa futhi ifezeka. Wayesezansi emfuleni ngalolosuku eJeffersonville ngenkathi iNgelosi yeNkosi yenza ukubonakala kwaYo kokuqala, bekuqukethwe kwi-Associated Press esizweni sonke. Beku...kwakungo-1933. Wayemi lapho, kodwa

wezwa iPhimbo kodwa akakubonanga ukuKhanya. Lapho, ngisho abathwebuli bezithombe bephephandaba bakubona ukuKhanya. Kodwa wayesemncane impela ngaleyonkathi, futhi cishe eneminyaka eyishumi nambili ubudala, futhi akakaze akubone ukuKhanya. Wayebuka abantu, abaningi babequleka. Futhi kwahlala lapho cishe nje umzuzu owodwa kwase-ke kuhamba kubuyela emuva ngqo kwangena ezibhakabhakeni futhi. Futhi amaphephandaba afaka udatshana, "Ukukhanya okuyimfihlakalo kubonakale ngaphezu—ngaphezu komfundisi wendawo weBaptisti ngenkathi esabhaphathiza." Kwahamba indlela yonke kwayongena eCanada, kwafinyelela kubashicileli baseCanada.

6 Futhi khona-ke cishe eminyakeni emithathu noma emine edlule, ngenkathi ngangisePhoenix okokugcina, ngikholwa ukuthi kwakunguMfowethu Jack Moore owayenami, ukuthi wayethi ukuba . . . Umkami uyakhophozela kakhulu. Futhi ngakho-ke wambizela emsamo, ngokungalindelekile, futhi wacishe waquleka. Futhi ufika emva kokuba ngasengivele sengisemsamo, futhi ugcobo lwalulapho lwenkonzo yokuphulukisa. Futhi, wathi, kwakungokokuqala ukuba ake abe kulobo Bukhona lapho kanjalo. Futhi, kuthangi ebusuku, waMbona emsamo, okokuqala ukuba ake aMbone, ngenkathi kwaKumi emsamo. Futhi lapho ngihlangana naye ngaphandle yena . . . izinyembezi zazisemehlweni akhe, futhi wathi, "Billy, okokuqala empilweni yami, ngiKubonile." Wathi, "Ngi . . . ubukhulekela owesifazane, futhi" wathi "ngiKubone kufika ngqo phambi kwakhe futhi kume lapho imizuzwana embalwa nje, kwazungeza lapho obukade ukhona. Futhi khona-ke, kuthe lapho nje uyeka ukukhuluma, Kuhambile." Ngakho-ke ngiyajabula ngalokho, ukuthi Kufikile phambi kwamehlo akhe. Niyabo, lelo nenekazi elincane linokuningi okudingeka ledlule kukho, futhi ngakho-ke ngiyajabula futhi ngiyathokoza ngakho.

7 Manje, kusasa ebusuku yinkonzo yokuphulukisa. Niyazi, kade sisho kuleliviki ukuthi izinkonzo zokuphulukisa ziyofika ngoLwesihlanu ebusuku. Manje, ziza kusasa ntambama noma—noma kuse eli kusihlwa, cishe ngehora lesithupha nqo, ngakho-ke angeke niphazamise inkonzo yonke. Futhi uBilly, uLeo, uGene nabo, bazoba lapha namakhadi omkhuleko, ukuninikeza ikhadi lomkhuleko. Kungenkathi siletha abantu emsamo futhi sibakhulekela. Manje si . . . ngi . . . ngifanele ngiqhube imihlangano yaseMelika ngendlela abantu abafundiswe ngayo, ukubeka izandla. Manje, lokho ngu—lokho ngumBhalo, kodwa lelo yisiko lamaJuda. Akunjalo kwabeZizwe, kodwa abeZizwe baqhubeka nakho. AbeZizwe kwaba ukuthi, "Angifanele ukuthi Uze ngaphansi kophahla lwami, khuluma iZwi nje futhi inceku yami izophila." Kunjalo. Kodwa umJuda, "Woza ubeke izandla zaKho phezu kwendodakazi yami, futhi izophila." Niyabo, lelo kwakuyisiko labo, kwakungesilo elabeZizwe.

8 Ubusuku emva kobusuku, nehora emva kwehora, emini nasebusuku, uMoya oNgcwele uyafika, uyembula, uyahamba udabule esakhiweni, ukhuluma izimfihlo zezinhliziyo. Niyakubona ngaso sonke isikhathi. Lokho ngokokunazisa ukuthi uBukhona beNkosi bulapha. Manje, uma nje nizoBemukela, nizophulukiswa ngaleyonkathi ngqo. Ngoba konke ukuphulukiswa enake nenzelwa khona, sekuvele kuqediwe, sekube khona iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye. Yonke insindiso eniyoke niyemukele, isivele ikhokhelwe, ingeyenu ukuba niyemukele nje. Sekube yiminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, noma ngaphezulu, selokhu yaba yinsindiso yenu. Kodwa manje niyangiqaphela emihlanganweni, ngithi, "Ngabe kuzonenza nikholwe na?" Niyabo, izibonakaliso nezimangaliso azisizo ezokuphulukisa noma insindiso, kodwa ezokuvumela abantu babone futhi baqonde ukuthi uBukhona bukaNkulunkulu bulapha. Khona-ke Yena . . . uma Yena . . . Ukuthi kuzoba kanjani, kungesimangaliso kakhulu. Kalula nje manje sesiqala ukubona izimangaliso.

9 Manje uma sekufika kumuntu, kube nabaningana babo abasukumile baphuma ezinhlakeni nasezihlalweni ezinamasondo nezinto, futhi baphume. Lokho akusiso ngempela isimangaliso. Qhabo. Niyabo, ngisho iChristian Science inakho lokho. Kungahle kube yi—yi—yisimo sengqondo ukuthi ungahle ube . . . ushintshe indlela yakho yokucabanga. Manje, asikholwa ukuthi kwakuyikho, ngoba ngikholwa ukuthi kwakungukukholwa. Kodwa nokho . . .

10 NgangiseLa Salle, eLorraine, eFrance. NgangiseParis. Futhi ngehlela endaweni lapho babenowesifazane ofile elele phakathi lapho, wayengcwatshiwe. Futhi babehlikihla idwala lapho, futhi abantu babengena lapho nokukhubazeka, izinduku zokuqhugela, futhi bazibeke phansi futhi basuke bahambe, ukusuka ekuhlikihleni lelodwala phezu kwalowo wesifazane ofile. Niyabo, ufile, futhi wayengeke aphinde anxusele kuno . . . Munye umlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, futhi lowo nguKristu Jesu. Uphuma emndenini wamaKatolika, ngi—ngiyazi ukuthi bakholelwa ku—kubantu abafayo, lokho ukuthi imimoya yabo iyabanxusela; abehlukahlukene, abanye ngezombusazwe futhi abanye ngezinye izinto. Kimina, ukukhonza imimoya yabangasekho. Angilimazi imizwa yenu, ngiyethemba, kodwa ngifanele ngibe qotho. Niyabo, noma yini enxusa kanye nabafileyo kungukhonza imimoya yabangasekho.

Bangibuza lokho eMexico, futhi bathi, "Uthini ngoJesu na?"

11 Ngathi, "Akafile. Waphinda wavuka, Uyaphila kuze kube phakade." Niyabo? Akafile, Uyaphila. Bonke abanye sebedlulele ngaphesheya, okungukuthi, umBhalo uyasho ukuthi "Labo abalapho abasoze beza lapha, futhi laba abalapha angeke baye lapho." Akekho umuntu owake wawela noma oyoke awele. Ngakho-ke lokho kuyakuxazulula uma u . . . uJesu washo njalo.

12 Kodwa sithola lezizinto zisebenza. Ngakho-ke manje futhi ubusuku ngabunye uMoya oNgcwele uzama ukukuthola ube seBukhoneni boBuYena baKhe lapha, hhayi ubukhona bomuntu. Umuntu angazithoba kuphela, ngesiphiwo angazinikela angene esigabeni esithile sikaMoya ongavulela uNkulunkulu kuwe. Kodwa akusoze kwasebenza kuze kuthi wena qobo lwakho ukukholwe futhi ukwamukela, bese kuthi-ke kuyasebenza. Niyabo, uma ubungahlala lapho futhi nonke—nonke beniyobe nikholwa ngokungesikho, ningakholwa yiZwi laLo, bekungeke kusebenze.

13 UJesu, ngenkathi Eya enhlanganisweni yaKhe uqobo, ezweni laKubo uqobo, imisebenzi eminingi yamandla Wayengenakuyenza ngenxa yokungakholwa kwabo. Futhi uma Wayengenakuyenza ngaleyonkathi, Angeke ayenze manje, ngenxa yokungakholwa. Niyabo, kungukukholwa kwakho.

14 Ngakho-ke kuthatha wena nami, ndawonye kanye noMoya oNgcwele, ukufezekisa lezizinto; ukuvumela mina ngithokoze, ukuvumela wena uthokoze, ukuthi uNkulunkulu ulapha ogcina iZwi laKhe.

15 Kodwa uma uMoya oNgcwele ungangena emhlanganweni, ugcwalisa khona impela emBhalweni lokho Asho ukuthi kuyokwenzeka ezinsukwini zokugcina, futhi aphumele phandle phezu kwezethameli njengoba Enza ngenkathi Wayelapha, futhi ehlukanisa zona kanye izimfihlo zezinhliziyo, nemicabango nezizindlo zenhliziyo nengqondo, ubengake akungabaze kanjani noma ubani na? Niyabo, naso isimangaliso esiphelele, okuningi kwesimangaliso kunokuhamba kokhubazekile, ngoba akunakwenzeka ukuba lokho kwenzeke ngaphandle kwamandla okomoya. Kuzofanele kube ngamandla okomoya ukwenza lokho. Ngakho-ke, futhi khona-ke niyakubona khona impela nje lokho iBhayibheli elakwethembisa nalokho bona abakukhol- . . . lokho esikukholwayo. Kuyisimangaliso kakhulu kunokumemeza. Niyabo, kuyisimangaliso kakhulu kunokukhuluma ngezilimi. UPawulu washo njalo. Ngisho neziphiwo zangokoqobo zikaMoya oNgcwele zokukhuluma ngezilimi, kuyisimangaliso kakhulu kunalokho. Sisesimangalisweni sokugcina. Kubikezelwe ngaleyondlela yiBhayibheli.

16 Ngakho-ke, kulobubusuku, awudingi ukulinda kuze kube kusasa ebusuku ukuba uze wedlule emgqeni ukuba ubekwe izandla. Manje, ukubeka izandla kuwe angeke kwenze okuningi kunokwehlulela imicabango yenhliziyo; akusikho okukhulu kangako, kimi. Khona-ke ungakwemukela nje, ubambelele kukho, kungokwakho. Futhi uyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

17 Kodwa kusasa ebusuku, uma wena . . . UmBhalo uyasho, "Yanini ezweni lonke, nishumayela ivangeli kukho konke okudaliweyo; lezizibonakaliso ziyakubalandela labo

abakholwayo." Zonke izibonakaliso; futhi khona-ke, ekugcineni, Wathi, "Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Lelo yiqiniso. "Labo aba . . ." I . . . Lokho kuyolandela amakholwa. Kulungile. Manje, si—singamakholwa, ngakho-ke, ngaleyondlela, sinobusuku emva kobusuku bokubeka izandla kwabagulayo, futhi uNkulunkulu wenze izimangaliso ezinkulu ngazo. Sibe nezimangaliso ezinkulu ngokukhuleka phezu kwamaduku. Sibe nezimangaliso ezinkulu ngokwehlulela imicabango yenhliziyo. Niyabo, konke okwakho ndawonye, kusebenza enkazimulweni kaNkulunkulu. Akusikho okomuntu, akusikho okwebandla, kungokwenkazimulo kaNkulunkulu. Inkazimulo kaNkulunkulu!

18 Manje, ngaphambi kokuba sivule iZwi manje lobusuku . . . O, singawaphenya amakhasi ka*njena,* kodwa uNkulunkulu uzofanele aLivule; ngoba umBhalo awuchasiswa ngumuntu ngokwakhe, kodwa uMoya oNgcwele owaloba umBhalo unguMhumushi khona-ke. Ngakho-ke asikhothamise amakhanda ethu manje sisakhuleka. Futhi bangaki abangathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, ningakwazisa nje ngezandla zenu ziphakanyisiwe, noma ngabe kuyini na? O Nkulunkulu, bheka. Sonke siyadinga, asinjalo na? Ngiyadinga, nami, bangani. Ngiphakamise izandla zami.

19 Baba waseZulwini, ngokuzithoba nangokuthula nangenhlonipho yokuzithoba singena eBukhoneni bobukhosi baKho obukhulu, sazi, ngaphambi kokuba leyonto eyodwa yenzeke, Wena ulapha ngoba Wena wethembisa ukubakhona. Wena washo, ngaphambi kokumuka kwaKho, "Lapho kukhona ababili noma abathathu bebuthene ngeGama laMi, lapho Ngiyoba phakathi kwabo. Futhi uma beyovumelana kunoma yini eyodwa, njengokuthinta into eyodwa, ukucela, bayokwemukela." Nkosi, ukuletha isithembiso saKho kulokhu, ukuthengwa kweGazi laKho, ngicela ukuthi wonke owesilisa, owesifazane, noma umntwana, abaphakamise izandla zabo kulobubusuku, Uyayazi inhliziyo yabo, kwangathi bangakwemukela abakucelayo. Siphe khona, Nkosi.

20 Singabantu abadingayo. Sihamba ezweni elimnyama, kanye nesitha saKho esikhulu, ukuthi, besingeke silwe naso nhlobo ukuba bekungengawo uMoya waKho oNgcwele. Ngakho-ke siyethemba, siyakholwa, futhi senza ngokukholwa, ukuthi Uzohamba phambi kwethu futhi enze indlela icace. Izingibe eziningi kakhulu eceleni komgwaqo, ezicushelwe izinyawo zethu ezikhandlekile, kodwa siyazama ukulandela amanyathelo aneGazi aKhe owanqoba ukufa, isihogo, nethuna.

21 Sihole, kulobubusuku, ngoMoya waKho oNgcwele, Nkosi, emaZwini azofanele ashiwo, khona-ke qondisa amaZwi enhliziyweni eWadingayo. Khona-ke, Nkosi, kwangathi ekupheleni komhlangano, futhi siqala ukuya emakhaya ethu ehlukahlukene, sengathi singakwazi ukusho futhi, njengalabo

ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, nangomusa waKhe. Amen.

22 Kinina enigcina phansi imiBhalo, phenyani kanye nami manje encwadini yamaKhosi okuQala. Ngifisa ukufunda ingxenye ephuma evesini 17 i. . .isahluko 17, njalo, futhi ngizoqala evesini le 14. Ngizofunda ele 14, ele 15 nele 16 amavesi esahluko se 17 samaKhosi okuQala:

> *Ngokuba isho kanje iNkosi uNkulunkulu ka-Israyeli, Imbiza yempuphu ayikuphela, nophiso lwamafutha aluyikuswela, kuze kufike usuku. . .iNkosi enisa ngalo imvula emhlabeni.*
>
> *Wayesehamba njengokusho kuka-Eliya: kwadla yena, naye, nendlu yakhe, izinsuku eziningi.*
>
> *Imbiza yempuphu ayiphelanga, nophiso lwamafutha aluswelanga, njengezwi leNkosi, eyalikhuluma ngesandla sika-Eliya.*

23 Kufanele ukuthi cishe impela kwakusemini ngenkathi wayesephapheme. Waphendula ikhanda lakhe elikhandlekile emqamelweni ngenkathi ezwe okudabukisayo, ukukhala okuncane ngaleya egumbini. Futhi wayengakwazanga ukulala ubusuku bonke, wayeshukunyiswe ngenxa yalesisigemegeme esikhulu. Umfanyana wayesephapheme futhi, wayekade engalele ngaphezu kwemizuzu engamashumi amabili noma amashumi amathathu, futhi sengiyalizwa iphimbo lakhe elincane lithi, "Mama, angeke waphuma futhi ubheke enqolobaneni futhi futhi ubone nje ukuthi alukho yini ucezu olulodwa lwesinkwa na? Ngilambe kakhulu! Angikwazi ukulala."

24 Futhi lapho esembuke ebusweni bakhe obuncane ne. . . izihlathi zakhe ezincane ezipoqokile, namehlo akhe amancane ephenduka eba phuzi, izinwele zakhe ezinde zilengela phansi ngokwehluleka ukugundwa, ihembe lokulala lakhe elincane elimanikini; izinyembezi ezinkulu eziphuma emehlweni akhe zikhafuleke ebusweni bakhe obuncane, lapho embambathe esihlathini futhi wathi, "S'thandwa, zama ukuyolala, futhi uqonde."

25 Kwakudade kuyiminyaka emithathu lapho kwakukade kungekho mvula emhlabeni. Waguqa phansi kwiphansi, sengiyambona lapho ekhamuluka kuNkulunkulu, wathi, "O Nkosi Nkulunkulu, Jehova, Wena unguNkulunkulu wawobaba, Owondla abantwana baKhe futhi wabanakekela iminyaka. Futhi ngizamile ukuphila ngeqiniso nangokulunga kuWe, futhi manje ngilapha ngibona umfanyana wami ekhalela azokudla, futhi akukho lutho ukuba ngimnike lona. Amaviki amaningi manje kade sizivumela thina uqobo size sifinyelele endaweni yokudla kanye njalo izinsuku ezintathu noma ezine, futhi manje

konke akusekho ngaphandle kwenkeshezana eyodwa yempuphu namafutha nje angagcwala isipunu. Futhi ngizama ukukubamba kuze kube semini, ukuthi asifanele sife lapho kusesebusuku. Ngenzeni, O Nkulunkulu na? Mina, incekukazi yakho, ngiphile ngeqiniso. Umyeni wami walahleka empini, impi yeNkosi, futhi sengibe ngumfelokazi iminyaka eminingana manje, futhi ngizamile ukuphila ngokulungile nokugcina iMiyalo yaKho. Futhi uma sekuyikhathi sami sokuhamba, akungikhathazi; kodwa umfanyana wami, kuvele kudabule inhliziyo yami ibe yizicucu ukumuzwa enxiba angakudla, kungekho lutho ukuba ngimnike lona."

26 Lapho eseqedile ukukhuleka, wasukuma. Wayesehambile wabuyela emuva ukuyolala futhi imizuzwana embalwa. Futhi yena owesifazane wayephakamise izingalo zakhe, futhi ingubo yokulala emanikiniki ayeyigqokile kwase kuthi ayiphele. Uya efasiteleni futhi ubuka phandle, futhi sekuthi nje akuse. O, kwakushisa kakhulu!

27 Imimoya eshisayo yokwahlulela wawuvunguza phezu kwesizwe esase simkhohliwe uNkulunkulu. Lokho kwakungesikhathi sokubusa kuka-Ahabi, eka-Israyeli enonya kakhulu futhi inkosi ekhohlakele. Futhi yayishade isoni, uJezebeli, owayekhonza izithombe. Futhi umshado oxubile kanjalo awusoze waphumelela, awusoze nje, kuphakathi kokuthi owesifazane uzoza ngendlela yowesilisa noma owesilisa uzohamba ngendlela yowesifazane. Futhi wayengowesifazane omncane okhangayo kakhulu, futhi u-Ahabi, uhlobo nje lwekholwa elisivivi, wayezinikele emibonweni yakhe owesifazane futhi wathi, "O, awu, inkolo ayilutho kimi, ngiyinkosi." Futhi esikhathini eside base bedilizele phansi ama-altare kaNkulunkulu futhi bamisa ama-altare kaBalamu, noma uBali, njalo. Futhi ukukhala kwase kuphambene kakhulu nenkolo yeqiniso kwaze kwathi abefundisi ngaphansi kobunzima obukhulu base bededelile.

28 Esikhathini esithile esedlule ngenza ukuphawula ngabefundisi, noma enye into ethize ngalolusuku, futhi iqembu lahlangana nami futhi lathi, "Mfowethu Branham, izinhlangano zethu zamabandla zidonsekela kithi nje!" Yilokho okukubangelayo, inhlangano yebandla izophuma uma umfundisi engabathokozisi.

29 Futhi esikhathii eside abefundisi base bewele ngaphansi komthelela wenkosi ngoba isono savunyelwa, kwakungekho mincele. Kuyisithombe esihle kakhulu sanamuhla ngoba, isizwe sizivumile lezizinto, abantu bafuna ukuthandwa ngabantu. Bayacabanga, "Inqobo nje uma isizwe sasho njalo, kwakulungile." Yileyondlela abasho ngayo namhlanje, "Inqobo nje uma isizwe sithi kulungile ukudayisa ubhiya, khona-ke kulungile ukuwuphuza. Uma isizwe sivumela abesifazane bethu ukuba bagqoke okunguhhafu esitaladini,

futhi umthetho angeke ubagijimise bangene, kungani, kulungile ukukwenza." Lokho kungahle ukuba kulungile esizweni, kodwa ezincwadini ezinkulu zikaNkulunkulu unomthwalo futhi uzodingeka uphendule phambi kukaNkulunkulu. Kodwa babewile, badingeka badede ngaphansi komthwalo.

30 Futhi isizwe sasiphumelela, futhi babecabanga ukuthi impumelelo yayiyisibonakaliso sokuthi uNkulunkulu wayenabo. Lokho akusilona iqiniso ngakho konke. UNkulunkulu uza kuwe . . .

31 Kukhona isaga esidala, isaga esihlazisa uNkulunkulu, esisho ukuthi "UNkulunkulu usiza labo abazisizayo." Lokho ngokuhlazisayo kuNkulunkulu! UNkulunkulu usiza labo abangakwazi ukuzisiza qobo lwabo. UnguNkulunkulu walabo abadinga umusa. Futhi UnguNkulunkulu onomusa. Futhi lesosaga leso esithi "Usiza labo abazisizayo," uma ungazisiza ngesingawe, awuludingi usizo lwaKhe. Kodwa Usiza labo abangakwazi ukuzisiza.

32 Kodwa isizwe sasicabange ukuthi, inqobo nje uma babedla kahle futhi babegqoke kahle, ukuthi konke kwakuzoba kahle.

33 Kodwa kwakukhona oyedwa owayesalokhu eyifashini endala, owayekholwa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu owayeyifashini endala, ekholwa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu owagcina iZwi laKhe, wayekholwa ukuthi uNkulunkulu ka-Abrahama, ka-Isaka noJakobe, wayengcwele futhi edinga ukuzinikela ngokuphelele ebungcweleni baKhe. Kodwa uJezebeli nebandla lakhe lesimodeni babemzonda. Wayengumfundisi wabo, kodwa abakukholwanga. Ngakho-ke, kwakumele acashe ngenxa yempilo yakhe.

34 Futhi uNkulunkulu wayemthume phezulu entabeni, futhi wathi . . . umnika umlayezo, futhi wathi, "Yehla futhi utshele leyonkosi endala ekhohlakele, 'ISHO KANJE INKOSI.' Angeke line, noma ngisho amazolo azowa, uze uwabize." Wakunikeza emlonyeni ka-Elisha ukubiza imvula ngenkathi kwakuyisikhathi sayo; kodwa wayenezihluthulelo zezulu, wayengalivala noma alivule. Futhi Wathi, "Ngifuna ukhuphuke uphumele ehlane . . . lalokhu . . . ehlane, njalo, uphume kulenxushunxushu. Phuma phakathi kwabo. Ushumayelilile kubo futhi abakulalelanga, futhi bayaqhubeka baya ngokuba babi kakhulu. Khuphuka ungene enhlane, futhi lapho hlala phansi ngasemfudlaneni, iKeriti, futhi Ngizo . . . sengivele ngiyale amagwababa ukuba akunakekele." O, uma abantu bengeke, uNkulunkulu unamagwababa angakwenza!

35 UJohane wathi, "UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulamatshe."

36 UJesu wathi, "Uma bethula, amadwala ngokushesha azomemeza."

37 UNkulunkulu angenza lokho Akufunayo. Wathi, "Ngiyale amagwababa, futhi azokondla." Futhi amlethela inyama nesinkwa.

38 Omunye wathi ngesinye isikhathi, "Akuthathaphi, Mfowethu Branham na?"

39 Ngathi, "Angazi. Into kuphela engiyaziyo, akuletha. Akuthola endaweni efanayo leyo uJesu ayenza ngenkathi Ethathe inhlanzi ezinhlanu futhi . . . noma amabhiskidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wondla izinkulungwane ezinhlanu. Kuvela esandleni esifanayo esidalayo sikaNkulunkulu uSomandla." Amlethela inhlanzi nesinkwa, amagwababa, ahlala phansi futhi akunika u-Elisha, futhi wakudla, futhi wakhothama wase ephuza emthonjeni. UNkulunkulu wayephumuza umprofethi waKhe.

40 O, ngijabule kakhulu ukuthi uNkulunkulu unendlela yokuphunyuka! Futhi lapho becabanga ukuthi wayehlanya, "Lowomprofethi omdala, omdala owonakalisa injabulo yabanye," uhlala njalo ezama ukukhipha injabulo emicimbini yenjabulo yabo emincane ababenayo, ebatshela ukuthi kwakuyisono. Futhi uNkulunkulu . . . yena elandela umyalo kaNkulunkulu, wakhuphukela ezintabeni futhi wahlala phansi endaweni ephakeme, indawo eyomile ukwedlula zonke ezweni. Kodwa uNkulunkulu wagcina umfula ugeleza. Futhi babesezansi lapho beququda ulimi lwabo ngenxa yamanzi.

41 Niyazi, uNkulunkulu unendlela yokuphendula umkhuleko. Lona wesifazane omncane wayephile ngokwethembeka. Wayengazange aphinde ashade, wahlala engashadile ukuba ahlangane nomyeni wakhe enkazimulweni. Wayengowesifazane ohloniphekile. Futhi amaviki imbiza yayehla, yehla, futhi yena ngokuqhubekayo ekhuleka, futhi nokho kubukeka sengathi kwakungekho ithemba ekuboneni ndawo.

42 Niyazi, lapho besingathola khona isifundo kulokho. Ukuthi, uma ukhulekile futhi wahlangabezana nazo zonke izidingakalo uNkulunkulu afuna uhlangabezane nazo, futhi nokho Usathule, Akasho lutho, futhi nokho uhlangabezane nezidingakalo, manje, kwenzekani ngaleyonkathi na? Uma wazi ukuthi uhlangabezane nezidingakalo zaKhe futhi wenze konke lokho okwaziyo ukukwenza, khona-ke ukukholwa akuxegaxegi, kuvele kuhlale kuthule nje futhi kucabange okulungile. Ukukholwa kuthatha ukubambelela ngqi kwakho okungunaphakade ngaseDwaleni lemiNyaka, futhi akunyakazi.

43 Lowomfo omkhulu obizwa ngoku "kholwa"! Bengihlale ngithi, "Ukukholwa kunoboya esifubeni." Uma kukhuluma, konke okunye kuyathula. Uma ukukholwa kuthi, "Thula!" khona-ke konke kuyama, ngoba kungubasi.

44 Futhi wayehlangabezane naso sonke isidingakalo. Wayephile ngokuhlanzekile, wayephile ngokufanelekile,

waphila ngokuhlonipheka, futhi wayehlangabezane nazo zonke izidingakalo zikaNkulunkulu. Kodwa, kwakubukeka sengathi Wayethule. UNkulunkulu uyakwenza lokho ngesinye isikhathi ukukuhlola, ukubona ukuthi hlobo luni lomnyakazo ozoba nalo. Ungakukhohlwa!

45 Uma wedlula emsamo, uyakhulekelwa, nezandla zibekwe kuwe, futhi kubonakala sengathi akwenzeki lutho, lokho akukumisi ukukholwa nakanci, uhlangabezane nezidingakalo zikaNkulunkulu. Manje, uma uhlangabezane nazo! Manje, uma uzibamba kuNkulunkulu, uyazi ukuthi inhliziyo yakho iyakulahla . . . Futhi siyazi, "Uma inhliziyo yethu ingasilahli, khona-ke sinakho." Manje, kodwa uma inhliziyo yethu isilahla, asikho isidingo sokuza unqamule emsamo, asikho isidingo sokucela uNkulunkulu noma yini, ngoba awunakho ukukholwa ukukwemukela. Kodwa uma uhlangabezane naso sonke isidingakalo leso uNkulunkulu asidingayo, khona-ke ukukholwa kuphumela lapho, futhi kuthi, "UNkulunkulu unguNkulunkulu! Ngihlangabezane nezidingakalo."

46 UmBhalo uthi, "Labo abalinda eNkosini bayakuhlunyeleliswa amandla, bayakukhuphuka ngamaphiko njengokhozi, bayakugijima futhi bangakhathali, bahambe futhi bangaquleki." Njengoba iculo lithi, "Ngifundise, Nkosi! O, ngifundise, Nkosi, ukuthi ngilinde kanjani." Hlanza umphefumulo wami eGazini laseKalvari, ngihlangabezane naso sonke isidingakalo, ngishise onke amabhuloho azungezile, bese ngithi, "Manje, Nkosi, anginanto ezingalweni zami engilulethayo, kalula ngibambelele esiPhambanweni saKho. Wakwethembisa, Nkosi." Lolo uhlobo lwesimo, isizathu abantu becabanga ukuthi ngingothanda ukuhlala yedwa. Kodwa egumbini, noma ngaleya ohlangothini logwadule, yileso simo ozofanele ungene kuso ngaphambi kokuba ungene kulelipulpiti lapha. Isizathu, uSathane uhlala eqathaza uchuku oluncane ukuzama ukugumbuqela okuthile. Futhi ufanele ubambelele kahle eSiphambanweni, kungesikho ukwethembela ekhonweni lakho uqobo, imicabango yakho uqobo, ukwencika nje eNgalweni yangunaphakade. Ungazisho ubuhlakani, ungazisho ingqondo yakho uqobo, uyazivula nje bese udedela uMoya oNgcwele ukhulume. Yilesosimo uNkulunkulu afuna iBandla laKhe kuso. Lingene kulesosimo.

47 UNkulunkulu uyakuvivinya. Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ivivinywe kuqala, iyalwe, ukubona ukuthi ingakumela yini ukulaywa. Uma sihamba sikhuphuka futhi sithi, "Ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi Wafela izono zami futhi wabuye wavuka ngosuku lwesithathu. Walinyazwa ngeziphambeko zami, wachotshozwa ngobubi bami. Isijeziso sokuthula kwami sasiphezu kwaKhe, nangemivimbo yaKhe ngiphilisiwe mina." Uma usho lokho, ngokuvuma . . . zonke izono zakho nobubi

bakho, namakhono akho nakho konke onakho, kubeke e-altare. Khona-ke, lapho, ungenanto engalweni yakho, uSathane uzodubula yonke imicibisholo kuwe angayidubula. Kodwa khona-ke uma uchezukela eceleni usuke lapho bese uthi, "Awu, mhlawumbe angisindiswanga, mhlawumbe angiphulukiswanga," khona-ke suka kuLokho, iBhayibheli lathi ninga "bantwana besihlahla, futhi anisibo abantwana bakaNkulunkulu."

48 UNkulunkulu uhlola yonke indodana ka-Abrahama njengoba Enza ku-Abrahama, ngokuba siyinzalo ka-Abrahama. Ngokufa kuKristu, siyinzalo ka-Abrahama futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso. Inzalo ka-Abrahama, lowo umoya u-Abrahama ayenawo. Wayenikwe isithembiso. Futhi uma ubaba wethu athemba uNkulunkulu futhi wathatha isithembiso, okungenakwenzeka, futhi wabambelela kuso iminyaka engamashumi amabili nanhlanu ngaphambi kokuba size sibonakaliswe, eya ngokuqina ngasosonke isikhathi, imbewu yakhe njengobaba. Akukhathaleki ukuthi kwenzekani, uma sikhulekelwe, sekuxazululiwe! Uma sithola yonke into iphumile endleleni, sihlangabezane nazo zonke izidingakalo, susa yonke into endleleni, bese-ke ucela uNkulunkulu, futhi ume lapho wazi ukuthi uzokwemukela.

49 UNkulunkulu wahlola uJobe kanjalo. Lapho uJobe ecele umusa, wanikela ngomhlatshelo enzela abantwana bakhe, into kuphela lowo mprofethi ayenayo kwakungumnikelo wokushiswa. Kodwa lokho kwakuyikho konke uNkulunkulu ayekudinga.

50 UNkulunkulu akadingi imfundo nenqwaba yombhedo, Udinga inhliziyo ezinikele entandweni yaKhe. Akakuceli ukuba ugqoke ngendlela ethile, noma—noma uye ezintweni ezithile noma emakholiji athile, noma iziqu. Ucela ozithobile, odabukile, umoya ophukile, nenhliziyo evumayo ukuMemukela.

51 Wamvivinya uJobe, futhi wabona ukuthi hlobo luni lomnyakazo Ayezoluthola kuye. Kodwa lapho Ethathe izimvu zakhe futhi wathatha inkabi yakhe, futhi wathatha amakameli akhe, futhi wathatha abantwana bakhe, "Ngizobona ukuthi uJobe uthini manje."

52 Futhi wathi, "INkosi iphile futhi iNkosi ithathile, malibongwe iGama leNkosi."

53 Wathola lokho Ayekutshele uSathane Ayenakho kuJobe, "Akekho onjengaye, emhlabeni."

54 Khona-ke imidumo yaqala ukuduma, imibani iqala ukubanika. UMoya wehlela phezu komprofethi, futhi wamemeza, "Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, futhi ezinsukwini zokugcina Uyokuma emhlabeni. Nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami

ngiyakumbona uNkulunkulu; EngiyakuMbona mina uqobo, amehlo ami ayakumbona, futhi hhayi omunye."

55 Wahlola abantwana bamaHebheru ukubona ukuthi hlobo luni lomnyakazo ababeyoba nawo. Babevumile phakathi kwabahedeni ukuthi "Kwakukhona uNkulunkulu ophilayo, kwakukhona uJehova uNkulunkulu, nokuthi WayenguNkulunkulu waseZulwini noNkulunkulu wasemhlabeni, futhi Wayebambe wonke umphefumulo esandleni saKhe." Ngakho-ke uNkulunkulu wabavumela bahlolwa. Futhi babehlangabezane nazo zonke izidingakalo, babekhulekile futhi basusa yonke into endleleni. Futhi babengeke bakhothame esithombeni senkosi. Futhi washisa isithando sashisa ngokuphindwe kasikhombisa kunalokho esake saba yikho. Futhi akungabazeki ukuthi uSathane wayezama ukubatshela, "Lokhu ukuphela komgwaqo." Ngiyayithanda indlela ababekhuluma ngayo, "UNkulunkulu wethu angasikhulula kulesosithandwa somlilo, kodwa, noma kunjalo, uma Engakwenzi, angeke siyephule iMiyalo kaNkulunkulu. Sizohlala ngeqiniso! Makuthi ukukholwa kwethu kunkeneneze kudabule kuyo yonke iminyaka ezayo, ukuthi, sahlala ngeqiniso esithembisweni sikaNkulunkulu."

56 "UNkulunkulu wami angangiphilisa ku*lokhu*." Noma, "UNkulunkulu wami angangithatha angisuse kulesisihlalo esinamasondo. UNkulunkulu wami angakwenza *lokhu*. Kodwa ngiMemukele njengoMphulukisi wami. Ngizivumile izono zami (ukungakholwa kwami) futhi ngivumile ukuthi ngiyakholwa ukuthi UnguMphulukisi wami. Makuze, makuhambe noma yini. Uma ngingasindi namhlanje, ngizosinda kusasa; uma ngingasindi kusasa, ngizosinda ngonyaka ozayo. INkosi iphile futhi iNkosi ithathile, malibongwe iGama leNkosi!"

57 O, kwakulapho! Futhi lapho behambe bangena esithandweni somlilo, ngaphansi kokulingwa, ngaphansi kokuhlolwa, babambelela ngeqiniso kwaze kwaba sekupheleni. Kodwa uNkulunkulu wayelapho nje ngaphandle kokuhlela ngaphambili, futhi Wabakhulula. Babazi ukuba babekhuleke baqeda, izono zabo zazivunyiwe. Babazi ukuthi babehlangabezane nazo zonke izidingakalo, kodwa nokho Wayebonakale sengathi uthule. Uthule kuphela ukuba akuhlole, ukubona ngempela ukuthi uyini, kukhonani ngaphakathi kuwe, ukubona ukuthi ukusho ngempela ngokusuka enhliziyweni yakho lokho okusho ngezindebe zakho. Makujule lokho. Singasho ngezindebe zethu, kodwa ngabe inhliziyo yethu iyakusho na?

58 Manje, ngenkathi lona wesifazane omncane azi ukuthi wayehlangabezane nazo zonke lezi zidingakalo, futhi noma kunjalo uNkulunkulu wayethule. Kwakubonakala sengathi Wayengenandaba ngaye, Wayengenandaba noma ngabe wayephila noma wafa. Kodwa, ngasosonke isikhathi,

uNkulunkulu wayesebenza. Wayengazi ngakho, kodwa uNkulunkulu watshela u-Eliya. Womisa umfudlana, welula isandla saKhe wavimba umfudlana owawugeleza. Futhi u-Eliya wathi, "Nkosi, kungani umile na?"

59 Wathi, "Ngiyale owesifazane ongumfelokazi ukuba akondle." Wayesevele emyalile owesifazane, owesifazane wayengakwazi.

60 Kungahle ukuba Ukuyalile ngobufakazi bokuphulukiswa kwakho; ungahle ungakwazi, kodwa bambelela ngqi. Uma uqinisekile ukuthi uhlangabezane nazo zonke izidingakalo, uma wazi ukuthi wenze konke okwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, futhi wazibeka phambi kukaNkulunkulu, yinye kuphela into okumele uyenze, ngukuthi, bambelela ngqi esithembisweni saKhe khona-ke. Hlala lapho! UNkulunkulu wethembisa ukuphendula, Uzokwenza. Awazi ukuthi yini Ayiyalile, iyiphi ingelosi, noma *yini* efanele yenziwe. Kungahle kube yilobubusuku, ngaphambi kokuba inkonzo yokuphulukisa iqale kusasa ebusuku. UNkulunkulu kungahle ukuba usibonile isimo sakho namhlanje, Angahle ukuba uwuzwile umkhuleko wakho.

61 Ngiyabezwela kakhulu lababantu abayisithulu nesimungulu. Ngifuna ukubeka izandla phezu kwabo futhi ngibakhulekele, baqale ukuma izolo ebusuku, kodwa ngishilo ukuthi bekungeke kulunge kubo bonke. Kodwa ngazi kanjani ukuthi ndawo ndawo akasuye uNkulunkulu othule owazi inhliziyo, lababantu uhlangabezane nesidingakalo sikaNkulunkulu, futhi balungele, futhi kukhona ingelosi lapha kulobubusuku ukubakhulula kuyo yonke inhlupheko yabo na? Ngazi kanjani na? UNkulunkulu kungahle ukuba uyalele ukukhululwa kwabo kulobubusuku. Noma ngabe ngiyabakhulekela abagulayo, noma qhabo, bazokuthola ngoba uNkulunkulu ukudingile. Qinisekani ngoNkulunkulu, bese-ke niyabambelela ngqi, hlangabezanani nezidingakalo zaKhe. UNkulunkulu uyakwazi ukwenza izinto elungile, uyazi ukuthi yenziwa kanjani ngendlela eyiyo.

62 Manje, kuyinto exakile kakhulu ukuthi uNkulunkulu ubeyothumela umprofethi waKhe endlini yowesifazane ongumfelokazi. Indawo enje pho! Kodwa kufanele ukuthi wayengowesifazane omnene ngempela, kumbe Wayengeke alokothe athumele umprofethi waKhe lapho. O, uma umuntu wayefanelekile, kwakuyofanele kube ngumuntu ofanelekile ukungenisa indoda efana no-Eliya.

63 Niyakhumbula, kwakunguZakariya, endlini yakhe, ukuthi wayekade ethembekile futhi eqotho, elindele uNkulunkulu ukuba abanike umntwana, futhi iNgelosi, uGabriyeli, ifika endlini. Kwakuyintombi uMariya eyayiphile ngokuhlanzeka

nobumsulwa, futhi elindele isithembiso sikaNkulunkulu, ukuthi Wathumela iNgelosi kuye.

64 Ukhuluma ngokugijima uzungeze izwe futhi uqomisane nezwe, bese-ke ulindela ukubona izingelosi futhi ube nezimangaliso zenziwe, kuphumile ohlelweni lukaNkulunkulu. Ufanele uphile kahle. Hlanza indlu, hlanza imikhuba yakho, hlanza izinto zezwe, susa amakhadi akho nenhlangano yakho yezwe, zilungiselele, futhi khona-ke iNgelosi kaNkulunkulu ingakhuluma futhi ithi, "Ungesabi, yimina." Khona-ke izinto ziyenzeka. Kodwa yena . . .

65 Owesifazane omncane wayephansi ekhuleka, engazi ukuthi owehla entabeni kuza umprofethi. Wayebe nombono, ukuthi aye kuphi. UNkulunkulu akababoli abantu baKhe ngobumpumputhe, Uyabatshela ukuthi bayaphi. Wayebuka emzini. O, kwakwesabeka. Abantu babebulawa indlala, futhi bekhalela amanzi, futhi abantu abalambile. Kungukubonisa ukungaziphathi kahle. Kungukubonisa isono.

66 Futhi lesisizwe sisengxakini kukho. Awukwazi . . . Izilinganiso, ngisho umthetho wemvelo angeke ukuvumele kube njalo, uma si—uma sichitha imali ngokuphila ngokulwa, nengxenye yezwe ibulawa yindlala (bonke bayizidalwa ezingabantu uKristu azifelayo).

67 Yingalesosizathu amasimu ezimishini isenhliziyweni yami. Nina befundisi abamangalisayo lapha ePhoenix, nanxazonke ngaleya e-United States nezindawo, amabandla kuwo onke amakhona, amadoda amakhulu kaNkulunkulu, izinkonzo zokuphulukisa, amadoda amakhulu njengo-Oral Roberts namanye amadoda amakhulu, eshumayela. Futhi nampo abantu ngaleya, abafayo ngezinkulungwane nsuku zonke, abangakaze bezwe ngeGama likaJesu. Abampofu abancane, abangcolile, abamnyama abalambile, ezansi ngapheseya e-Afrika nangaleya eNdiya, abafo abancane belele estaladini, befa, bengazi ngisho ukuthi "Nkulunkulu" kusho ukuthini. Futhi khona-ke siyaphikisana mayelana nemehlukano yethu emincane yenkolelo yezenkolo. O, akunjalo impela nje (angicabangi, bangani), uma kusenhliziyweni yakho ukubona lokho.

68 Manje, qaphelani lona wesifazane omncane ompofu, emva kokuba esebuke phandle ngefasitela futhi wabona ukuthi kwase kuzokusa, wayazi kancane ukuthi yini eyayimlindile. Wayecabanga ukuthi kwakungukufa kwakhe nomfanyana wakhe. Ngakho-ke ngi . . . Ngenkathi esalele, ake simbheke imizuzu embalwa. Uyahamba, emuva kokuba ekhuleka, futhi uphulula izinwele zakhe ezincane zisuke emehlweni akhe, wayesethi, "Mfo omncane othandekayo, ubukeka ufana kakhulu nowakho oyigugu, ubabayi owayengcwele. Wayemethemba kanjani uNkulunkulu! Wayinikela kanjani impilo yakhe ngenxa

ka-Israyeli, phandle enkundleni yempi! Futhi ubukeka ufana kakhulu naye. Futhi, S'thandwa, angazi ukuthi kungani abamsulwa behlupheka nabanecala, kodwa bayakwenza."

69 Lesisizwe, amaKristu, kuzohlupheka ngenxa yokungalungi kwezombusazwe, kwenza sonke isizwe sihlupheke.

70 Manje sengiyambona engena futhi uthi, "Ngizolungisa iqebelengwana elincane manje. Nginokwenele nje kweqebelengwana elilodwa le—lesinkwa esisele, futhi lapho sikudla, khona-ke sizokufa." Ngakho-ke ungena egumbini, futhi ukha impuphu embizeni yempuphu. Sengiyambona nje eyithintitha nje ngaleso esincane, isandla esingamathambo, lapho eshayisa umphongolwana omncane eyayikuwo; eyithintitha, konke okuncanyana kwemvuthuluka, futhi ekugcineni wathola nje okwenele ukwenza iqebelengwana elilodwa; uya ngaleya ophisweni lwamafutha futhi uyaluphakamisa futhi ukhama konke okuncinyana kwamafutha kulo, cishe okungagcwala isipunu.

71 Manje, impuphu, zonke lezozinto zinencazelo. Impuphu yayimele u "Kristu." UKristu wayengumnikelo wempuphu. Ngenkathi begaya impuphu benzela umnikelo wokuzuliswa, kaKristu, okwakunguKristu emnikelweni wokuzuliswa, eTestamente eLidala, babeyigaya nohlobo oluthile lohlamvu olunamathelayo, ukuthi yonke inkeshezana encane yempuphu ifanele ihleshulwe ngokufanayo nje, ngoba uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.

72 Niyakhumbula lapho ezinye zezikole phezulu lapho zazingawazi umehluko phakathi kwezintangazane nophizi, futhi zaphosa izintangazane zasendle nokusasijingi kukaphizi, ukuba zipheke, futhi zamemeza, "Kukhona ukufa ebhodweni."

73 U-Eliya wathola inkeshesaza yempuphu, wayiphosa embizeni, futhi wathi, "Dlanini!" Yenzani impuphu na? Impuphu, ebhodweni, yakushintsha kusuka ekufeni kuya ekuphileni; kusukela emthonjeni onikeza ukufa kuya emthonjeni onikeza ukuphila.

74 Lokho yinto efanayo okuyiyo kulobubusuku, uma kukhona ukufa emthanjeni wakho. UKristu, ephose emthanjeni wakho, kuyakuletha usuka ekufeni uye ekuPhileni. UKristu wenza umehluko. Okungena enhliziyweni yomuntu, o, Unikeza ukuthula okudlula ukuqonda. Kanti futhi Kunikeza ukuPhila okuPhakade, "Lowo okholwa yiNdodana unokuPhila okuPhakade, futhi akasoze abhubha."

75 Manje, wathola impuphu, eyayimelele uKristu. Futhi uKristu uyiZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, futhi uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi wenziwa inyama wakha phakathi kwethu." UKristu, umnikelo weMpuphu! Khona-ke wahamba wathola amafutha.

Futhi *amafutha* amelele u "Moya." Ngakho-ke wafaka iZwi noMoya ndawonye, futhi uqala ukuKuxubanisa.

76 O, kukhona okufanele kwenzeke uma lokho kwenzeka! Makube njalo kulobubusuku ukuthi iZwi engilishumayelayo liwela enhliziyweni yakho. Khona-ke uMoya oNgcwele mawungene phakathi lapho futhi uxubanise Lokho. Bukani ukuthi kwenzekani lapho ufaka iZwi noMoya ndawonye! UJesu wathi kowesifazane emthonjeni, "Sifazane, ngiyakutshela, isikhathi siyeza, futhi manje yiso, lapho uNkulunkulu udinga ukukhonzwa ngoMoya nangeQiniso." Futhi UyiQiniso.

77 Impuphu, bukani ukuthi wenzeni, waxubanisa iZwi noMoya ndawonye. Abantu abaningi banoMoya ngaphandle kweZwi, abanye baneZwi ngaphandle koMoya. Kodwa wena thatha, Kufake kokubili ndawonye ngokuyikho endaweni yakho, kukhona iqebelengwana emgwaqeni! Kukhona okuthize okwenziwayo.

78 Umfelokazi omncane ompofu wayengazi ukuthi wayenzani, kodwa uNkulunkulu wathi ku-Eliya, "Ngimyalile."

79 Futhi u-Eliya wayesendleleni yakhe ngale ezimbokojwaneni, ehlela ukuzobona umbono wakhe ugcwalisekile ndawondawo. Futhi nangu umile lapho, izinyembezi azesula ngomkhono wakhe omdala omanikiniki, futhi ethi, "O Jehova Nkulunkulu, ukukholwa kwami akukaze kwehluleke, futhi akusoze kwehluleka. Ngandlela thize noma enye, angazi ukuthi konke lokhu kuyini, kodwa siyafundiswa ukuthi zonke izinto zisebenzelana zibe ngokuhle." Wayexova lempuphu encane, wathola iqebelengwana elincane lonke lilungiswe kahle futhi labunjwa. Wathi, "Manje sekuyisikhathi sokuthi mina ngiphume futhi ngithole izinkuni." Futhi ubuyela emuva futhi uvula umnyango, futhi wathi, "O Nkosi, leso sisu esilambile esincane bandla silele lapho, futhi angikaze ngidle amaviki amabili noma amathathu. Ngimnike uphisi wami weqebelengwana."

80 Lowo ngumama, uthando lukamama ngengane yakhe. Akukho okufana nalo, uthando lukaNkulunkulu kuphela. "Umama angalukhohlwa usana lwakhe oluncelayo, kodwa aNgisoze nganikhohlwa. Amagama enu aqoshwe ezintendeni zezandla zaMi." Angakukhohlwa kanjani na? "Angisoze nganiyeka, noma angisoze nganishiya. Ngiyoba nani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe."

81 Nango ebuka ingane yakhe, mhlawumbe wabuya ngokushesha futhi wanga isiphongo sayo esincane. Noma uma equleka futhi afe ngaphandle. Uyaphuma. Sekuqala nje ukuthi uku. . .ilanga liqala ukuphuma phezu kwamagquma aseJudiya. Futhi ubuka ilanga liqala ukuthi lungu. Ezansi le esitaladini uzwa ukuthuka nokuqhubeka. Futhi uphumela egcekeni futhi, qaphelani, wacosha izinkuni ezimbili (hhayi umthwalo wengalo), izinkuni *ezimbili*. Kuyini na? I "isiPhambano."

82 Manje, noma ubani uyazi, noma yimuphi kubangani bami abangamaNdiya lapha uyazi, noma yimuphi umzingeli, indlela eyiyo yokwenza umlilo uhlale isikhathi eside, ngukuthi, phambanisa izinkuni ezimbili, izingodo ezimbili, zibase maphakathi nendawo ngqo, bese-ke ulokhu uqhubeka uziphusha ngasekugcineni. Uzohlala ubusuku bonke. Isikhathi esiningi ngilalile ehlane, nezinkuni ezimbili zingenkulu kuna *lokho*, futhi zigcina kufudumele ubusuku bonke. Okwanele nje ukugcina ukufudumala, kulokhu kuqhubeka ngqo maphakathi nawo.

83 Manje uzokwenzenjani na? Wokhela lezizinkuni ezimbili. Futhi iZwi kanye noMoya kulethe umhlatshelo walo uqobo esiphambanweni, olungele ukusebenza, olungele ukuphila. Ukubeka iZwi kanye noMoya, lokho ukukholwa kwakhe eZwini likaNkulunkulu ngoMoya oNgcwele, eziholela yena uqobo ukunikela noma yini enye esiPhambanweni. Futhi lapho esefake ukhuni ngaphansi kwengalo yakhe, ezimbili, futhi waqala wabuya, waqala wabuya, futhi kwakunephimbo elavela esangweni, "Nenekazi."

84 Ngaphambi nje kwalokho, omdala, mhlawumbe onempandla, nobumpunga bulenga phezulu kwamadevu akhe, nezinwele zakhe zilengela phansi, induku encane esandleni sakhe, isikhumba semvu esidala noma okuthize kusongelwe kuye, ehla ngomgwaqo, uthi, "Nkosi, luthango olumhlophe oluncane oluthize. Kuzoba nowesifazane osemncane obukeka ethandeka" (kufanele ukuthi wayemncane, umfana wayesemncane) "ngaphandle egcekeni. Wena ungitshelile ukuthi bekunomfelokazi obezongondla. Manje, ukuphi na? Ngizoqhubeka nokuhamba." UMoya umhola *ngale*ndlela, khona-ke uyamjikisa. O, kuyamangalisa kakhulu njengoba amadodana kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu. Akunandaba ukuthi kuzwakala kuwubuwula kanjani, bayaholwa! Owesifazane uyahamba . . . Owesilisa wehla ngomgwaqo owodwa futhi uyenyuka ngomunye, phansi ngomgwaqo owodwa futhi uyenyuka ngomunye.

Emva kwesikhashana, uMoya wathi, "Bheka ngakwesokudla sakho."

85 Futhi uyaqalaza *kanjalo,* njengoba Enza lapha emsamo, ubusuku nobusuku. O, uNkulunkulu usenguye! "Bheka ngakwesokudla sakho, ngakwesokunxele sakho, kunomuntu okhulekayo okudingayo."

86 Futhi wabheka ngakwesokudla sakhe. "Uthi, nanto uthango oluncane olumhlophe. Kuyikho nje. Angeke nje ngisuke lapha, ngoba naso isihlahla esidala simi lapho. Futhi nanso yonke into ngendlela nje engiyibone embonweni." Umnyango uyavuleka futhi owesifazane ozacile omncane uyaphuma.

87 Manje, khumbulani, uzocosha nje izinkuni ezimbili. Wayengenakucosha ezintathu, kuthatha ezimbili ukwenza isiPhambano. Wacosha izinkuni ezimbili futhi wazibeka engalweni yakhe wayeseqala ebuyela emuva, ecabanga, "Ngizoba neqebelengwana elincane selenziwe lapho umfanyana evuka. Futhi khona-ke ngizomphakela lona, angizukudla lutho mina. Futhi ngizobeka umfanyana wami ezingalweni zami, futhi lapho sizohlala bese siyafa." Futhi waqala ukuya endlini.

88 Wezwa iphimbo elingaziwa ngasesangweni, lathi, "Sifazane, ungangikhela ingcosana yamanzi ngesitsha na?"

89 Futhi waphenduka, futhi wacabanga, "Nakho kumi indoda endala enomusa esangweni." Wambhekisisa ngempela, futhi mhlawumbe wesula izinyembezi emehlweni akhe, kwakusesekuseni impela nokho. Niyazi, uNkulunkulu wenza izinto ngokuxakile kakhulu. Wayezimisele ukunikela. Amanzi ayeyinto eyindlala, lalingazange line iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha.

90 "Ungangikhela . . . " Mhlawumbe uNkulunkulu wamtshela ukuba asho lokho, abone ukuthi wayezokwenzenjani, evivinya umnyakazo wakhe. "Ungangikhela ingcosana nje yamazi ngesitsha na?"

91 Futhi wambuka. "Uzwakala ehlukile. Kukhona okuthile ngendoda endala ukuthi ngiyayizwela."

92 Noma yiliphi ikholwa kuNkulunkulu liyokwabelana emkhawulweni impela nelinye. Yebo. Yileyonto kuphela ngabantu bePentecostal, bayokwenza noma yini ukusiza omunye, ngenxa yeMbangela. Kunjalo. Yiqiniso. Leyo yinto enkulu, enye yezinto ezinkulu ngabo. Bangabaphi abakhulu kunabo bonke ezweni, ngoba bayazi ukuthi lezizimpahla zasemhlabeni zibalelwa ezeni. Babeka amagugu abo phezulu eZulwini, ngoba bakhuphukela phezulu lapho ngolunye lwalezizinsuku.

93 Futhi ngakho-ke lona wesifazane, wathi, "Ngizomane ngabelane ngamanzi ami. Sizofa, ngakho-ke ngizonikela ngamanzi ami okuphuza, futhi ngiwanikeze umnumzane ohloniphekile omdala onomusa emi lapho, ngoba ubukeka omile futhi ekhathele." Wathi, "Ngizowaletha." Futhi waqala ukuhamba aqhubeke.

94 Futhi waphinde wezwa iphimbo, lithi, "Futhi ngesinye isandla sakho, ungangilethela ucezwana lwesinkwa na?" O, he! Manje, manje ini na?

95 Ithemba lakhe lokugcina ngempilo yomntwana wakhe. Ithemba lokugcina ababenalo, futhi isinkwa sasiyobe sesingasekho, amafutha engasekho, yonke into yayiyobe ingasekho manje. Kodwa wabheka emuva, futhi wazibuza. Wathi, "Nginenkeshezana nje encane yempuphu embizeni. Nginamafutha enele nje engiwaswakamisile, futhi sengivele

ngikulungisile, noma, sengikuxovile. (NgineZwi kanye noMoya kuxutshaniswe ndawonye phakathi lapho. NginesiPhambano lapha ukukubeka phezu kwaso, ukukwenza iqebelengwane ukunikeza ukuPhila.)" Futhi kulapho uMoya kanye neZwi kuhlangana ndawonye, esiPhambanweni, kukwenzela ulofu wokuPhila. Kunjalo. "Futhi nginakho kuhlanganisiwe, futhi ngiyangena manje ukukubhaka, futhi nginikeze umfana wami omncane ofayo phakathi lapho, okhale ubusuku bonke efuna okuthile azokudla, ngi—ngizofanele ngimnike. Ngizonikela ngokwami futhi ngi—ngizomnika khona. Futhi-ke ngizomqukula ngezingalo zami, futhi sobabili sizolindela ukufa."

96 Wathi, "Kodwa, ngenzele elincanyana, kuqala." Akumangalisi yini lokho ukuthi indoda ibiyocela owesifazane ongumfelokazi, ofayo, okwenkeshezana yokugcina yempuphu ayenayo endlini, nomntwana ofayo na? UNkulunkulu wenza izinto ezingajwayelekile kakhulu! Wathi, "Ngenzele elincanyana, kuqala!"

97 Wafundisisa, "Uyazi, iBhayibheli liyasho ukuthi thina siye sangenisa izihambi. Siye sangenisa izihambi, zaziyizingelosi, singazi ukuthi senzani." "Awu," wathi, "Ngizokwenza."

98 Futhi lapho ephenduka, wathi, "Ngokuba . . . " O, he. Kwakulapho-ke, induduzo enkulu kunakho konke noma yiliphi ikholwa elake layilalela, "Ngokuba, ISHO KANJE INKOSI!" Lelo yiZwi ayelilindile. "ISHO KANJE INKOSI, 'Imbiza ayiyikuphela nophiso lome, kuze kube usuku uNkulunkulu athumela ngalo imvula emhlabeni.'"

99 Sitholani lapho na? Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu, nokulunga kwaKhe, zonke ezinye izinto ziyokwenezelwa. "Ngazi kanjani, Mfowethu Branham na? Ngazi kanjani na?" Into kuphela engiyaziyo, beka uNkulunkulu kuqala bese uyaqhubeka. Umhlatshelo! Hlanganisa amafutha, hlanganisa i—iZwi kanye noMoya ndawonye, zibeke wena phezu kwesiPhambano, futhi uthi, "Ngilapha, Nkosi." Beka uNkulunkulu kuqala kuyo yonke into!

100 "Ngokuba, ISHO KANJE INKOSI, 'Uphiso aluyikoma, nembiza ayiyikuphela, kuze kube usuku iNkosi uNkulunkulu eyothumela ngalo imvula phezu komhlaba.'" Wayazi, khona-ke, lowo kwakungumprofethi kaNkulunkulu ekhuluma naye. O, kufanele ukuthi inhliziyo yakhe yagxuma kanjani! Wagijima wangena wenza lelo qebelengwana elincane futhi waliletha kuye, namanzi, izandla eziqhaqhazelayo phezu kwalezozihlathi ezindala ezipoqokile, wayazi ukuthi uNkulunkulu wayefikile ukutakula, phezu kocezu lwesinkwa.

101 O, thatha nje lesosithembiso esisodwa esincane sikaNkulunkulu, bese ulungisa yonke into, futhi uyisuse endleleni, buka ukuthi kwenzekani! Thola leyonhliziyo . . .

uqhelise ukungakholwa kusuke kuyo. Thatha nje leyonkolelo encane onayo, futhi uyibeke esiPhambanweni, bese uthi, "Yilokhu kuphela enginakho, Nkosi. Kuthathe"; buka ukuphenduka, "ISHO KANJE INKOSI." O, Usenguye namhlanje njengoba Wayelokhu enjalo. Yilokho ayekulindile.

102 Mhlawumbe kubukeka kumnyama kabi manje, kodwa, niyazi, ngezinye izikhathi siyafundiswa (futhi ngashumayela ngakho ngobunye ubusuku) kuhlala kumnyama kunakho konke ngaphambi kokusa. Kungehora elimnyama kunawo onke lobusuku lapho inkanyezi yokusa ikhanya khona, ibonisa ukuza kwelanga.

103 EJalimane banesithombe, basibiza ngesithombe se "Fu." Kuyi—kuncintisana nalesisithombe esikhulu sokubethelwa e. . . e-Forest Lawn eLos Angeles (isithombe esikhulu sibanzi njengoba lesisakhiwo sivundlile, badingeka bakhe isakhiwo sizungeze isithombe; abaningi benu nisibonile). Kodwa lokhu eJalimane kubizwa, "ngengelosi. . . " noma, "USuku LweFu," ngikholwa ukuthi kubizwa kanjalo. Futhi lapho usuka uqhela kuphisi waso futhi usibuke, o, sibukeka sisibi kakhulu, sibukeka njengamafu athukuthele exubana elinye nelinye, kanjalo, lapho ukukhanya kubonisa kuso. Futhi kubukeka sengathi amafu ayahamba, ngendlela isithombe esenziwe ngayo ukubonisa ukukhanya, kusenza sibukeke njengefu, isiphepho esithukuthele siza ukudabula yonke into. Bese kuthi-ke utshelwa ngumholi, "Hamba usondele, futhi ulokhu nje usibuka." Futhi lapho usondela ngempela kuso, akusiwo amafu, ngamaphiko ezingelosi eshayisana, ethokoza. Kuyisibusiso ekuzifihleni.

104 Mhlawumbe ukugula kwakho kulobubusuku, mhlawumbe umhlatshelo wakho ukuba uphumele lapha, bekuyisibusiso nje ekuzifihleni. IziNgelosi zikaNkulunkulu zilapha, zikhona, ukuhlanganisa amaphiko azo ndawonye futhi zithokoze, ngoba kulotshiwe emBhalweni, ukuthi, "IziNgelosi zaseZulwini ziyathokoza lapho isoni esisodwa siphenduka." Cabanga ngalokho. Ngokuba, ISHO KANJE INKOSI, uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Umusa waKhe awusoze waphelelwa amandla. Futhi Uyathanda ukukunika noma yini inhliziyo yakho eyifisayo.

105 Manje, asikhuleke isikhashana, sisakhothamise amakhanda ethu ngomkhuleko. Futhi ngiyethemba ukuthi nihlala esimweni sokuba semkhulekweni. Ngabe ukhona lapha manje (amehlo enu evaliwe namakhanda enu ekhothamele ngasothulini enathathwa kulo; futhi, uma uJesu elibala, nibuyela othulini) futhi awusindisiwe, ungasiphakamisa nje isandla sakho kakhulu *kangako*, bese uthi, "Mfowethu Branham, impilo yami ibe wusizi, futhi, futhi angisindisiwe. Ngikhumbule emikhulekweni yakho kulobubusuku, Mfowethu, ngizophakamisa isandla sami"? Ngabe lowomuntu ulapha, umfana, intombazane, indoda

noma owesifazane, ongasindisiwe na? Ngeke ngisaqhubeka nokunibuza, phakamisa nje isandla sakho manje ukuze ngizokukhulekela.

106 Ngakwesokudla sami, uNkulunkulu akubusise, uNkulunkulu akubusise, uNkulunkulu akubusise, nawe, nawe. Kwenye indawo, emuva le ngemuva, ndawo ndawo lapha phakathi kwezikhala zezihlalo, vele nje uphakamise isandla sakho. Akekho obukayo, makuthi mina nje noMoya oNgcwele senze lokhu kubuka. Manje, uNkulunkulu akubusise, uNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle.

107 Omunye phakathi kwezikhala zezihlalo, phakamisa isandla sakho, uthi, "Mfowethu Branham, angisuye umKristu. Ngi—ngimkhathazile uMoya oNgcwele useqhele kakhulu kimi uze Akasazikhathazi ngisho ngami nhlobo. Kodwa, ngempela, ngiyazi ukuthi nginephutha. Ngiyazi angikaze ngizalwe kabusha ngoMoya oNgcwele. Ngiyazi ukuthi ngi—angifanele. Anginakho... angizivumanga zonke izinto zami. Angihlangabezananga nazo zonke izidingakalo zikaNkulunkulu."

108 Mhlawumbe uyagula. Akusoze kwakusiza ngalutho uze uhlangabezane nezidingakalo zikaNkulunkulu. "Mfowethu Branham, ngibuvumile ubuKristu isikhathi eside, kodwa ngempela bengihlala ngikungabaza ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Ngi—ngithe nje ukuba nokuzibuza uma loMoya oNgcwele ubuqinisile yini." O, dadewethu othandekayo, noma, mfowethu othandekayo, awusoze wathola lutho oluvela kuNkulunkulu kanjalo. Qhabo. Uzofanele uhlangabezane naso sonke isidingakalo, bese-ke uyaqiniseka ukuthi ulungisene noNkulunkulu. Bese-ke uthatha isithembiso saKhe futhi ubambelele kuso.

109 Ngakwesokunxele sami, ngabe ukhona noma ngubani ngaleya phakathi lapho na? Abanye benu bantu abasha emuva lapho, kakhulu nje, uma ungesuye umKristu, phakamisa isandla sakho futhi uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham." UNkulunkulu akubusise, ngiyazibona izandla zenu, emuva le phakathi, emuva ngemuva, ngiyakubona, nenekazi; emuva lapha, ya. Ngaleya, le ngalapha, yebo, intombazanyana. Ya, ya iNkosi inibusise nonke ngapho. Lokho kuhle.

110 Manje, nginethembisile phandle lapha yilokho kuphela engizonicela khona, phakamisani nje izandla zenu. Manje sizokhuleka. Futhi ngaphambi kokuba senze lokhu manje (emuva kokuba sesibe nezoni ziphakamise izandla zazo, ezinye ezingamashumi amabili noma amashumi amathathu), bangaki ogulayo, ungasiphakamisa isandla sakho bese uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, emikhulekweni yakho, ukuthi uNkulunkulu uzoba nomusa kimi futhi angiphulukise"?

Ngiyacabanga kukhona abangamakhulu amabili, noma ngaphezulu, abo. Kulungile.

Asikhuleke.

111 Baba wethu waseZulwini, kungumusa kakhulu ukuza kuWe nalezizicelo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] " . . . futhi kiMi, ngingu Mdali wakho." Futhi baphakamise isandla sabo, khona-ke lokho kukhombisa ukuthi uMoya mkhulu kunesayense. Baba, Wena wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Futhi bonke abeza kiMi, Ngiyakubanika ukuPhila okungunaphakade." Manje bangabaKho, Nkosi. Banikeze ukuPhila, khona manje, lapho behleli khona ezihlalweni zabo. Sengathi bangaba nokuPhila okuPhakade. Kwangathi Ungabaphakamisela phezulu ngosuku lokugcina, ubethule kuBaba uNkulunkulu waseZulwini njengamagugu emqheleni weBandla. Siphe khona, Baba.

112 Ngikhulekela laba abagulayo nabahluphekile. Izandla zabo eziningi ziphakamile kulobubusuku, ngenxa yokuthi babonile ukuthi owesifazane owayedinga uNkulunkulu ngempela; ubone lawomahora abucayi eza. Akukho ukungabaza kunabaningi abahlezi lapha kuleyondlela efanayo, abafanele bafe, kodwa uNkulunkulu usevele uyale abaprofethi baKhe, futhi yonke into ilungile. Kuzosebenza nje kahle. Uma beqinisekile ukuthi yonke into ilungile, khona-ke baqinisekile ngoNkulunkulu. Baqinisekile ukuthi Uyasigcina isithembiso saKhe. Khona-ke, Baba, siyakhuleka ukuthi Uzobhekana nabo kulobubusuku, njengabakho abathandekayo, abantwana abagulayo; futhi uzophilisa izinhlupho zabo, futhi ubanike amandla nomusa nokukholwa. Kwenze, Baba.

113 Busisa bonke abefundisi abalapha kulobubusuku, abaprofethi bakho abayigugu. Siyakhuleka ukuthi uzobagcoba, Nkosi, futhi kwangathi bangaba yilabo abazobusisa amakhaya alababantu, ukuthi kuzobakhona iSinkwa sokuPhila emakhaya abo uma nje besaphila. Kwangathi uphiso lwabo lungomi, noma izimbiza zingabi nalutho. Kwangathi kungabakhona isinkwa sokomoya kulolonke ibandla kulolonke lelizwe, Nkosi, esizokondla abalambile abadingayo. Siphe khona, Nkosi.

114 Sithanda Wena. Futhi siyazi ukuthi Wasithanda kuqala, ngoba lapho siseseyizoni, uKristu wasifela, oNgenacala ngenxa yabanecala, ukuba abe yinhlawulo yezono zethu, ukusibuyisela sibuyele kuNkulunkulu; ngenkathi sasilahlekile futhi siphelile, ngaphandle kukaNkulunkulu noma iNdodana yaKhe, siphuma ensimini yase-Edene, sisuka eziphambukweni zobaba bethu ezasifaka enxushunxushwini yesono. Futhi uJesu wasithanda kakhulu ukuthi Weza ngentando kaNkulunkulu futhi wasihlenga sabuyela kuNkulunkulu, ngokunikela ngempilo yaKhe uqobo eKalvari. NgiyaKubonga, Baba, ngakho konke ukulunga kwaKho.

115 Siphila emathunzini esikhathi sokuphela. Kungenzeka bungabibikho ubusuku bakusasa. Angazi, Nkosi, lokho kukuWe. Kodwa ngenkathi kusengenzeka ukuthi abanye bangangena kulobubusuku, Baba, ngiyakhuleka ukuthi Uzothumela uMoya oNgcwele.

116 Wathi, "Njengoba kwakunjalo emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Emihleni yaseSodoma, babenezigaba ezintathu zabantu: isoni, ilungu lebandla elisivivi, noKhethiwe (obizelwe ngaphandle); abaseSodoma, nabakaLoti, nabaka-Abrahama (obizelwe ngaphandle kwezwe). AbaseSodoma bemukela abefundisi ababili nomyalezo omkhulu. Futhi iqembu lika-Abrahama lemukela isibonakaliso, futhi isibonakaliso kwakunguMuntu onothuli ezingutsheni zaKhe, owayazi u-Abrahama, eyisihambi; wayemazi umkakhe, uSara, ukuthi wayengubani igama lakhe; futhi, watshela u-Abrahama, nomhlane waKhe ufulathele ithende lapho uSara ayekhona, "Uhlekeleni uSara na?" O Nkulunkulu, kwangathi ibandla lingavuka futhi libone! Njengoba uJesu athi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Lowo Nkulunkulu ofanayo uyobonakala enyameni yeBandla laKhe, futhi uyokhombisa isibonakaliso esifanayo. Siphe khona, Nkosi, kulobubusuku futhi. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda

Manje Mkhonzeni nje kamnandi eMoyeni.

Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

117 O, emva komlayezo, anizizwa nje nonke sengathi nikolojiwe na? UMoya oNgcwele nje uhlanza inhliziyo yakho kukho konke ukungakholwa, ukubeka emuva ngqo emzileni noNkulunkulu futhi. O, manje yisikhathi sokuMkhonza. Umlayezo usuphelile, ngakho-ke asiMkhonze nje futhi ngaleliculo, njengoba sicula *Ng'yaMthanda*. Wonke umuntu, buthule futhi kamnandi manje. Vala amehlo akho futhi ubuke nje ngamehlo akho okomoya ngakuYe, ubone ukuthi Umenzeleni lowomfelokazi. Uyathandeka kuYe njengalowomfelokazi, Yena ulondoloze ukuphila kwakho, futhi. AniMthandi na?

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

INyanga eNkulu manje iseduze,
UJesu onozwelo,
Ukhuluma ezinhliziyweni eziyethile ukuba zithokoze,
Alikho elinye igama kepha elikaJesu.

Nothi elimnandi kunawo onke eculweni lamaserafi,
Gama elimnandi kunawo onke olwimini lwabantu,
Ihubo lokuthokoza elimnandi kunawo onke asake aculwa,
O, Jesu, Jesu obusisiweyo.

118 Ngenkathi esashaya indlela kwi-ogani, maphansi. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisa *INyanga Enkulu*—Umhl.] Uma ngizwa leloculo, liletha into eyodwa kimi. Esikhathini esithile esedlule eFt. Wayne, e-Indiana, kwakukhona intombazane encane yaseDunkard ihlezi, idlala upiyano. Yayingesilo iPentecostal, kodwa yayinezinwele ezinde ezinhle ezenziwe ngemuva. Futhi ngangizokhulekela abagulayo, futhi owokuqala emgqeni kwakungumfanyana, wayekhubazekile, udaba lovendle. Futhi ngamqukula umfana omncane ezingalweni zikadade, futhi ngambamba umfana omncane, futhi ngathi, "Qiniso, iNyanga enkulu ilapha, iyazazi izimfihlo zazo zonke izinhliziyo."

Futhi ngathi, "Niyakukholwa lokho na?" ezethamelini zabantu abayizinkulungwane ezimbalwa.

119 "Yebo," bonke bakukholwa. Kodwa babenohlobo lokuzibamba, kwakuwubusuku bokuqala bomhlangano, futhi babe . . . uMlayezo wawulukhuni kubo ukuba bawuqonde.

120 Futhi ngathi, "Niyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ingangitshela ukuthi ungubani lomfana omncane, nokuthi ngubani igama lakhe na? Nizokholwa na? Ngabe leyo bekuzoba yiNgelosi efanayo eyahlangana no-Abrahama, eyayazi ukuthi uSara . . . Bekungaba nguJesu ofanayo owazi uNatanayeli ngenkathi efika, owayazi uPetru futhi wambiza ngegama, watshela owesifazane emthonjeni, nazo zonke lezi zinto na? Ngabe lowo bekuyoba nguJesu ofanayo na?" Bonke baphakamisa izandla zabo, babecabanga ukuthi kuzoba njalo.

121 Futhi uMoya oNgcwele uqala ukwembula lokhu. Futhi, lapho Esekwenzile, umfana omncane wagxuma waphuma ezingalweni zami, wagijima wehla futhi wagxuma wasuka emsamo. Unina waquleka esihlalweni ehleli ngqo phambi komfana omncane. Futhi umfana omncane egijima ehla enyuka. Intombazane engumAmish noma yaseDunkard kwakuyiyo, idlala upiyano, yaphenduka yaba mhlophe ngempela, yagxumela phezulu ma—maphakathi nomhlangano, nezinwele zayo zawela emhlane wayo. Yayigqoke ingubo emhlophe. Yayibukeka njengengelosi. Futhi iqala ukucula lokho ngezilimi ezingaziwa. Futhi, lapho ikwenza, upiyano aluzange lugeje inothi, ludlala:

INyanga eNkulu manje iseduze,
UJesu onozwelo,

Ukhuluma ezinhliziyweni eziyethile ukuba zithokoze,
Alikho elinye igama kepha elikaJesu.

122 Abantu bathutheleka phansi bazungeza i-altare, futhi bekhala izinyembezi futhi bewela ezikhaleni zezihlalo, futhi bememeza "Nkulunkulu yiba nomusa kimi!" O, umhlangano onje owawulapho!

123 LeyoNyanga enkulu isekhona lapha. Ayikaze yehluleke. Ayisoze yehluleka. Manje, bangaki phakathi lapha abakukholwayo lokho, ngesizotha, ngayo yonke inhliziyo yenu, futhi nilapha kulobubusuku ninokulindela kokuphulukiswa ngamandla kaNkulunkulu na?

124 Uma kukhona noma ngubani esakhiweni engimaziyo, ngaphandle kwalaba abakhona lapha, lababafana abahlezi lapha, bobathathu engakhuluma nabo ngelinye ilanga engxoxiswaneni, e-Arkansas; uMfowethu Pat Tyler, oyisigebengu esiphendukile; uMfowethu Williams ehlezi khona lapho; futhi ngangengingakwenza . . . noMfowethu Gene Goad, ushomi wami, ohlezi khona lapha. Futhi ngicabanga ukuthi yilabo bonke engibabonayo esakhiweni engibaziyo ngalesisikhathi, kodwa ngalendlela ngiyabazi lababantu abahlezi lapha.

125 Manje, ngike ngama neKoran esandleni esisodwa, neBhayibheli kwesinye, ngaphambi kwezinkulungwane eziyikhulu futhi ngathi "okukodwa kufanele ukuthi kuqinisile, futhi okunye kuyiphutha." Futhi inkolo yobuKristu iyona kuphela phakathi kwazo zonke izinkolo; ne-Full Gospel yilona qembu kuphela phakathi kwabo elingafakaza ukuthi uJesu Kristu usaphila. Onke amanye anesayense yezenkolo, futhi azokutshela ngakho, "Sinenjulamqondo nje engaka." AbakaMohamedi bathi, "Sinenjulamqondo nje engaka. Singamemeza kakhulu nje ngomprofethi wethu njengoba ningenza ngoJesu wenu. Kodwa umprofethi wethu akazange asithembise lutho. UJesu wenu wanethembisa ukuthi Uyovuka kwabafile, futhi izinto Azenzayo nani niyozenza futhi ngoba Ubeyohlala kini. Manje wena uthi umprofethi wethu ufile, laphaya ethuneni, futhi unoJesu ovukile. AsiMbone enza." Bazobeka . . . banga . . .

126 Ungadlaladlala lapha nabanye balabososayense bezenkolo, ngamagama athile esiGreki noma okuthize ukuthi nonke nididekile ngani uqobo, kodwa ningalokothi nizame ukukuletha kwelamanqamu nabanye balabo bantu. Kungcobo ube nakho okhuluma ngakho. Futhi kungcono wazi. Yingalesosizathu kunzima ukuthola izithunywa zevangeli laphaya. Bayazi ukuthi bakhuluma ngani. Futhi kungcono wazi, ngoba bazobiza isandla sakho kukho.

127 Kodwa ngiyabonga kakhulu kulobubusuku, ukwazi, bangane, ukuthi uJesu wethu (naso sonke isithembiso Asenzayo) siyiQiniso. Uma bengingaphilisa noma ngubani lapha, bengingakwenza; uma bengingeke ngikwenze, bengiyoba ngumzenzisi. Kodwa angeke. Kodwa uNkulunkulu unikeze isiphiwo ebandleni, leso Asethembisa.

128 Ukuthi ngezinsuku zikaLuther, sasiphila ngokulungisiswa. Ngezinsuku zikaWesley, sasiphila ngokungcweliswa, ibandla liba ngelincane ngesibalo. Ngezinsuku zePhentekoste, siphile ezansi sedlula eMbhaphathizweni kaMoya oNgcwele nokubuyiselwa kweziphiwo. Manje sibancane ngempela ngesibalo, ukufika kweNdodana kaNkulunkulu. *Lapha* babekholwa ngokukholwa; *lapha* bamemeza ngaphansi kokungcweliswa; *lapha* babekhuluma ngezilimi njengesiphiwo; kodwa manje isithunzi nokwangempela, futhi i—isivalo siyeza esivivaneni, futhi yisikhathi sokuphela, lapho uKristu nebandla laKhe lifana kakhulu kuze kuthi kuzobiza abafileyo abaphuma kwiMethodisti, iLuthela, nawo onke lawo emuva lapho, futhi kuzobakhona uvuko. Labo abalalayo kumlindo wokuqala, wesibili, wesithathu, wesine, wesihlanu, wesithupha, nowesikhombisa, bazovuka ngolunye lwalezizinsuku, ukuhlangabeza uJesu ezibhakabhakeni. Ihora selifikile, bangani, ukuFika kweNkosi sekuseduze.

129 Sibuka eJerusalema futhi siyabona ukuthi amaJuda aphuphuthekiswa ngenxa yethu. Umkhiwane usuyahluma. Wathi, "Futhi eminye imithi." UBilly Graham ubangele i—imvuselelo phakathi kwabantu ngegama. U-Oral Roberts ubangele imvuselelo phakathi kwamaPentecostal. Futhi manje uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, usengene kulensali, ukudonsela abantu eTsheni lokuvala phezulu ukubuyisa iNdodana kaNkulunkulu, ukuqedela into ngokuFika kweNkosi uJesu. Wathi, "Njengoba kwakunjalo emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu."

130 Ngizakunifulathela, hhayi nje ukuthi ukuze nizobona. Manje, khumbulani, kwakungesiye umuntu. Umuntu ehleli lapho wayeyikhalsyamu, ipotashi, nepetroliyamu, izakhimzimba eziyishumi nesithupha zomhlaba lapho uNkulunkulu ahamba khona, "Phuu!" kwaqhuma ndawonye futhi wangena kukho futhi kwakuphila.

131 UJesu Kristu wayeyinto efanayo. WayeyiNdodana kaNkulunkulu. WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, kodwa inyama yakhe yayingumuntu, uMoya waKhe wawunguNkulunkulu. Khona-ke Wethembisa ezinsukwini zokugcina ukuthi Uyofika eBandleni laKhe. "Kuseyisikhashana futhi izwe lingabe lisaNgibona; nokho nizoNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini. Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza." Niyabo? Manje leyoNyanga enkulu ilapha.

132 Wathi, manje, “Isibonakaliso saseSodoma neGomora.” Manje, kuyini na? Bukani emaphepheni ethu, “Ubungqingili, ukuhlanekezela, kuyanda ngamaphesenti angamashumi amane ngaphezu kweminyaka eyishumi edlule.” Ukuzamazama komhlaba ezindaweni ezahlukahlukene, zonke izinhlobo zezibonakaliso zokuFika. Ibandla liyabhidlika, isikhathi sokuphela silapha.

133 Manje uNkulunkulu ukhombisa izibonakaliso zaKhe, futhi, njengoba besikade sishumayela ngakho. Manje, uma leliBhayibheli liyiqiniso, okungukuthi liyiLo, ngikulungele ukufela leyonhloso. IBhayibheli liyiqiniso. UJesu Kristu uyaphila. SiyiBandla laKhe, eligcwaliswe ngoMoya waKhe, khona-ke ukuPhila kwaKhe kithina kuzoveza ukuPhila okufanayo Akuphila eNdodaneni kaNkulunkulu, uma uMoya oNgcwele—uMoya oNgcwele kaNkulunkulu uhlala kithi.

134 Ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu nangenxa yebandla, nangenxa yokugula kwenu, wena ogulayo nohluphekile, thinta umphetho wengubo yaKhe futhi ubone ukuthi ungaMbangela yini ukuthi akusho ngami, njengenceku yaKhe, akubize njengoba Enza kowesifazane owathinta ingubo yaKhe. Sengathi iNkosi ingakupha. Bekungakwenza ukholwe kakhulu, futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho na? Bangaki okholwayo bangakwemukela ukuphulukiswa kwabo uma uNkulunkulu engakubiza kanjalo, noma niyambona Ebiza na? Phakamisa isandla sakho. INkosi iyakupha.

Gcina leyo *Nyanga Enkulu* idlala, uzokwenza na? Ngizwa ngiholeleka ukwenza lokho.

135 Ngizophendukela kubangani bami lapha kulobubusuku futhi, ukunibuka nje. Bazalwane, angizami . . . kini . . . uNkulunkulu ungufakazi wami, Mfowethu David. Njengoba nje ngempela ngikwenze kwacaca ngokwanele kubantu, ukuthi, akusimina. Angihlangene ngalutho nakho. Nje ngi . . . uNkulunkulu udingeke asebenzise othile. Ungu . . . Futhi azikho izandla ezifanelekile, kodwa uNkulunkulu ubenza bafaneleke. Niyabo, U—U—Uyakhetha ngaphambi kokusekelwa kwezwe, inhloso yaKhe ukuba yenziwe, futhi ifanele yenziwe, ifanele iqhutshwe.

136 IBandla lizoba lapho, lingenabala noma umbimbi. Umusa kaNkulunkulu uzokwenza lokho. Lizofanele likwenze, kuzothatha umusa. Njengoba Akhuluma ku-Abrahama, lapho uSara eMngabaza. Awu, khona lapho-ke ngabe Wabulala; ngabe Wambulala uSara khona lapho ngenxa yokungabaza, ngoba leso yisono esibi kunazo zonke esikhona, ukungakholwa, nesono kuphela. Futhi wangabaza futhi wahlekela ngaphakathi kuye ngenkathi iNgelosi imehlukanisele ethendeni. Ngabe kunjalo na? Kodwa kungani Engazange amthathe uSara na? Ngoba wayeyingxenye ka-Abrahama, Wayezofanele athathe no-

Abrahama, futhi. Futhi siyingxenye kaJesu uma siseMzimbeni kaKristu. Ukungakholwa kwethu kuyaxolelwa uma sikwenza ngokungazi njengoba akwenza, ngokuba wayesaba.

137 Niyakholwa ukuthi into ethile iyabonakala emsamo na? O, ngifisa sengathi bengingakuchaza lokhu. Ngifanele ngiphenduke. Ngibona owesifazane onesikhumba esilumayo, wena uMthintile. Kuzokushiya, ngoba konke kuyaKhanya nxazonke kuwe. "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Manje kholwa.

138 Ukuze nizobona ukuthi akusiyona injulamqondo, ukufunda ingqondo yenu, ngizonifulathela. Kuthiwani phezulu ku*lesi* sigaba na? Lokhu kwake kwenziwa kanye e-Angeles Temple, dadewethu. Mfowethu David, uyakhumbula. Manje nje ngi... ukuze nizobona, ngikhuluma nani, lokho kukhombisa ukuthi anginakuxhumana nabantu lapho. Impela wena u—wena uyaqo-...Ngiyazi wena uyaqonda. Niyabo? Kodwa ngicela umusa kaNkulunkulu ukuba wenze okuthile ukuthi abantu bangazi.

139 Yebo, ngibona umuntu osemncane, intombazanyana. Isuka kude nalapha, ayisuki kulelizwe. Isuka ezweni elinemvula futhi elinenqwaba yezihlahla nobulwembu, isuka e-Oregon. Inesifo sesithuthwane. Ihleli laphaya. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokusindisa na? Uyamemukelela kona na? Sukuma, dade. Yana ekhaya, futhi ngiyamkhuza udeveli. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Kulungile.

140 Esikhaleni sezihlalo esiphakathi nendawo lapha, othile unokukholwa. Ungangabazi. Ngizokhuluma nawe, Mfowethu Schultz, ukuze uzokwazi ukubona ukuthi ngikhuluma nawe. Ngivumela othile lapho...Awekho amakhadi omkhuleko ngakho-ke nje ku—nje kulula khona-ke, kungesikho ukuphakamisa othile, kodwa ukuze bengabona.

141 Yebo, kukhona owesifazane omncanyana ngomzimba, unomdlavuza. Ubefanele aye esibhedlela namuhla. Uhlezi ngaphambili lapha, owesifazane othi akabe mncanyana ngomzimba. Igama lakhe nguNkosazana Peterson. Niyabo? Kulungile, nenekazi, yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angabulala lowodeveli aze engabe esabonwa muntu. Uyakholelwa eNdodaneni kaNkulunkulu na? UyaMkholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Yiba nokukholwa nje kuYe, yilokho kuphela ofanele ukwenze. Kulungile.

142 Nonke nikulungele ukukholwa ngapha *ngale*ndlela na? Angikhulume nalomfundisi lapha. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ngiyethemba umuntu othize ngaleya uyakholwa, naye. E-hhe. Ukuze uzokwazi ukuthi ngikhuluma nawe. Kodwa bona amandla kaNkulunkulu esibekela zonke

izinto zokomqondo, kuhamba kungene emoyeni wezinga... izinga lomoya.

143 Yebo, emva kwami ngo—ngowesifazane, futhi akazi ukuthi yini inkinga ngaye. U...O, lowo wesifazane ompofu! Ube nokukodwa, okubili, okuthathu, okune, ukuhlinzwa okuhlanu. Abazi ukuthi kuyini. Odokotela abazi ukuthi kuyini. Uthunyelwe lapha e-Arizona ukuyophumula. Usuka eLouisiana, igama lakhe nguNkk. Pearson. Kulungile, Nkk. Pearson, ndawondawo emva kwami, sukuma, ngibheke. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Angikwazi. Uma kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Si—siyizihambi omunye komunye. Lokho okushiwo kuyiqiniso. Kunjalo na? Odokotela abazi ukuthi yini indaba ngawe. Imizwa yakho. Thula ngempela, yiba nokukholwa, futhi uzoya ekhaya uphile kahle. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu! Uyakholwa ukuthi iNdodana kaNkulunkulu yavuka futhi na?

144 Manje, kuthiwani ngomunye umuntu nga*kulesi* sigaba na? Nonke nilungele ukukholwa emuva lapha na? Pat, uyajabula ukuthi ungumKristu na? Akumangalisi yini ukuphuma empilweni obuyiphila, futhi ube ngumKristu na?

145 Nanti inenekazi. Ngowesifazane, owesilisa, nomntwana. Inenekazi lixhumana noNkulunkulu. Lisemuva kwami. Futhi linohlobo oluthile lwenkathazo yesisu, futhi li—linobuthakathaka kamuva. Alisuki lapha, noma, lisuka ezweni elithi alibe wugwadule, kodwa lisuka eKansas. Umyeni walo ungumfundisi. Lona lihleli khona lapho. Angikwazi. Uma kunjalo, nenekazi, vayizelisa izandla zakho ka*njena*. Kulungile, mnumzane. Kulungile, yana ekhaya, kholwa eNkosini uJesu Kristu futhi usinde. Uyakholelwa eNkosini na?

146 Nxazonke esakhiweni manje, niyakholelwa eNkosini na? Impela, Ilapha! UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. UNkulunkulu ofanayo ongakhombisa u-Eliya lapho lowo wesifazane ongumfelokazi ayekhona. UNkulunkulu ofanayo angangikhombisa lapho ukhona, uhlezi, ukhuleka, ngoba nguMoya kaJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa na? Makuthi wonke umuntu phakathi lapha abeke izandla zakhe komunye nomunye ngenkathi ngisanikhulekela ngokwejwayelekile, khona lapha, futhi kholwani, ukuze nizokwazi ukuthi ninokuthile kukho, ngamunye wenu. Ningamakholwa, anisiwo na? Uma niyiwo, thanini "Amen." [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] EBukhoneni bukaNkulunkulu, ebufakazini obungenakuphosisa bokuvuka kukaJesu Kristu, beka izandla zakho komunye nomunye futhi nikhulekelane.

147 Baba wethu waseZulwini, ngiKunika lezizethameli ezilindile. Kwangathi bonke lababantu abaphendukile ezonweni zabo bangathola ibandla lasekhaya elihle. Kwangathi labo,

Nkosi, abagulayo bangaphulukiswa. Kwangathi amandla kaSathane angephulwa, phezulu kwezimpilo zabo khona manje, njengoba ngikhuza udeveli futhi ngicela ukuthi aMandla kaJesu Kristu azoza phezu kwalezi zethameli futhi athathe konke ukugula, zonke izifo, konke ukuhlupheka, konke ukungabaza. Shayela kusuke kubo, Nkosi, futhi ubaphulukise. EGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngiyakucela.

